## ISIQEPHU A: INOVELI

***KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu**

**Qaphela:** Uma ingane ibhale ngamaphuzu kumele imakelwe
Abafundi bayonikezwa amamaki nakuba bengahlukanisanga ngezihlokwana isibonelo: isizinda / indikimba

**UMBUZO 1**
Indikimba yale noveli ingaveza lokhu okulandelayo:
- Umfundisi akamzali umfundisi
- Ilahle lizala umlotha
- Izingane azibafuzi abazali bazo. Nokunye okungavela okuhambisana nokwehluka phakathi kwabazali nezingane.

Makuvele ukwehluka phakathi kukaManyoba nabantwana bakhe okunomthelela nesizinda sale noveli.
**Makuvele lokhu okulandelayo:**
- Le ndaba ngokwe**ndawo** yenzeka emakhaya ithuthe iye eGoli, ePitoli, eMgungungundlovu (umfundi makasekele ngokubhekisa kule ndaba ukusuka kwayo emakhaya ize igcine khona futhi).
- Le ndaba ngokwe**nkathi** yenzeka ngesikhathi samanje.
  (Kuyafundwa, kusetshenzwa emafemini, kunobugebengu, kunokukipita, njll) Umfundi ulindeleke ukuba asekele ngala maphuzu ukukhombisa ukuthi uyayazi incwadi.
- Lendaba ngokwe**simo** makuvele indlela ababehlalisene ngayo abalingiswa kule ndaba.

Nakhu okungavezwa abafundi mayelana nesimo senhlalo:
- Isizathu esasusa uManyoba yikhona ukweswela imali nokuhlupheka abantu ababebhekene nakho kuleyo ndawo abeqhamuka kuyona.
- Ukuhlupheka behlushwa abanini bamapulazi kwabaphoqa ukuthi bashiye amakhaya abo bahambe izinyanga beyofuna imisebenzi noma bayosebenza kude nasemakhaya.
- Wasebenza ekhulisa izingane ezifundisa.
- Waqala wayofunda esikoleni sasebusuku ukuze akwazi ukubhala nokufunda.
- Wayekhushulelwa nasezikhundleni eziphezudlwana emsebenzini.
- Wakha indlu ekhaya ethumela imali yokudla neyesikole.
- Ukuzinikela kukaManyoba emsebenzini aze anikwe umhlalaphansi.
- Sabuya isimo sokuhlupheka ngenxa kokungasasebenzi kwakhe.
- Izingane zinakekela abazali bazo.
- Kunokungezwani phakathi komakoti nabasemzini.
- Umphakathi wawuzwelana, kukhona ukusizana uma omunye edinga usizo.
- Kwakudlalwa nelotho (uManyoba wathola indathane yemali).
- Kwenziwa elikhulu idili leli lapho ngisho nezingane zabo zaba khona.
- Kunokuziphindiselela uma omunye emenze kabi (idili elenziwe uManyoba emva kokuwina ilotho engazitshelanga izingane zakhe ezamphatha kabi engasasebenzi zaphuthelwa-ke ukuhlomula kulesi sizumbulu semali esasitholwe uyise).

Umfundi makasekele onke amaphuzu akhe ngokucaphuna izehlakalo ezithize endabeni. **[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 2**

2.1 Babesenkomponi / emzini wezinsizwa / Babesehositela lapho babehlala khona. Sisho ngoba kuyashiwo esiqeshini ukuthi kwakuyimpelasonto bezihlalele nje bengaye ndawo. (2)

2.2 2.2.1 Indoda ingenziswa noma yini kungakhathalekile ukuthi uyayifuna yini..

2.2.2 Ukuveteza lapha kushiwo kumuntu okhuluma ulimi okungelona olwakhe kodwa alukhulumise okolimi lwakhe / ukhuluma isiLungu/isiNgisi.

2.2.3 Ukwesabela kude kusho ukuqala ubike ubulukhuni bento ungakayizami/ukwesaba into ongayazi.

(6)

2.3 Kwakubaluleke ngokuthi bakwazi ukuzibhalela nokuzifundela izincwadi ezibuya emakhaya. (2)

2.4 Iqiniso, ngoba phela usuke esefundisiwe ukufunda nokubhala. (2)

2.5 (i) Yebo, zafezeka ngoba zavumelana ngokuya esikoleni zafunda.
(ii) UManyoba wakhushulelwa esikhundleni esiphezulu emsebenzini. (2)

2.6 Izimpendulo lapha zingehluka ngoba abanye bangathi: Yebo kwakuyimali eningi ngoba kwabe kungaholwa kakhulu kulezo zinsuku. Kanti omunye umbono ungathi inani elifanele ngoba phela ayikho into yamahhala. (2)

2.7 Laba bantu babehlukumezeka ngenxa yokuthi babengakwazi ukuwasebenzisa ngokufanele amalungelo abo:

- Bebengahambi ngokukhululeka.
- Abesilisa babeshiye imindeni yabo bayosebenza.
- Babeyosebenza imali ukuxosha indlala.
- Babephoqwa isimo senhlalo nempilo ababeyiphila.
- Babenezinkolelo ezingafani.

(8)

2.8 Ingwijikhwebu siyithola lapha silindele ukuthi uManyoba ahlale phansi anethezeke adle izinyoni zabantabakhe, akhombe ngophakathi abe phakathi komhlane nembeleko kodwa simthola eqala phansi ehlupheka esedlala izingane zakhe yena nenkosikazi yakhe uMaNdlovu. Bebathatha beshintshana ngabo ngenxa yokuthi nje babengekwazi ukubondla behleli ekhaya babathatha bayobondlela emizini yabo lapho amakhosikazi abo ayengabaphethe kahle khona. (6)

2.9 Qondanisa UHLU A NOHLU B

| UHLU A | UHLU B |
|---|---|
| 2.9.1 Impelasonto | C uMgqibelo neSonto |
| 2.9.2 UManyoba | A owakwaMchunu |
| 2.9.3 Ingoduso | B intombi esilotsholiwe |

(3)

2.10 Umlayezo wombhali kule ndaba wukuthi yenza komunye ngale ndlela ozothanda ukuthi kwenziwe kuwena. (2)

**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 3**

***UMSHADO* – N Zulu**

Lapha umfundi ulindeleke ukuba aveze ubudlelwane phakathi kwesizinda nendikimba. Ekuvezeni lobu budlelwane kulindeleke ukuthi umfundi akhulume nge**ndawo** (kusemadolobheni) **Inkathi** (inkathi yamanje: kunemijondolo, izikole, ubugebengu obuhleliwe, kunamasonto, kunamaphoyisa, kugitshelwa izimoto, kudliwa izidakamizwa. **Isimo senhlalo**: Makuvele indlela abalingiswa abahlalisene ngayo kule ndaba nokuthi ubudlelwane babo bube namthelela muni ekuqhakambiseni indikimba yendaba ethi: imali yimpande yesono/imali ayiluthezi olumanzi njll.

**Nawa amaphuzu angabhekwa:**

- Kunokwethembana (ubudlelwane phakathi kukaSifiso noBhekani).
- Ukukholelwa emaphusheni (uBhekani noMaMkhize).
- Ukudayiswa kwezidakamizwa (uTholi noPamella).
- Abazali baluleka izingane (unina kaBhekani kanye nomalume).
- Uthando olungena sisekelo (ukuthandana kukaBhekani noTholi).
- Ukungahloniphi nokungabi nesimilo komfelokazi (uTholi).
- Indlela yokugqoka engahloniphekile (uTholi).
- Ukungathembeki kwabantu abathandanayo (uBhekani noLindiwe).
- Ubugebengu obuhleliwe (uTholi, uBhatomu, uZenze).
- Ubunkonkoni (uTholi noPamella).
- Ukuboshwa kwezigilamkhuba (uPamella noTholi).
- Ukungagcinwa kwamasiko (uTholi).
- Konke lokhu kukhombisa ubudlelwane obukhona phakathi kwesizinda nendikimba yokuthi imali ayiluthezi olumanzi/imali iyimpande yesono/ umuntu angenza noma yini ukuthola imali.

(Namanye amaphuzu angavezwa aphendula umbuzo amukelekile) **[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 4**

4.1 Basesontweni. Ngoba kuthiwa 'Umfundisi wathikaziswa abelungu abaphonseka khona endlini yesonto lapho.' (2)

4.2 UTholakele owayehlala emjondolo. (1)

4.3 4.3.1 Ukungena kwamaphoyis endlini yesonto kungazelele muntu. (2)
4.3.2 UBheki wasala emangele ngemuva kokuboshwa kukaTholakele. (2)

4.4 Asifezekanga ngoba kwathi sebesesontweni kuzoshadwa kwafika amaphoyisa abopha umakoti lingakaboshwa ifindo lomshado. (2)

4.5 Qondanisa UHLU A NOHLU B.

| UHLU A | UHLU B |
|---|---|
| 4.5.1 Kwacaca | C kwaba sobala |
| 4.5.2 Kwangathi uyaphupha | A ukungakholwa ukuthi into iyenzeka |
| 4.5.3 Ukugcwala iveni | B ukufakwa evenini |

(3)

4.6
- Ingwijikhwebu yenzeka lapho kufika amaphoyisa sekuzoshadwa.
- Afika abopha uTholi ongumakoti embophela izidakamizwa.
- Akashadanga-ke nale ntokazi enguTholakele okwakulindelekile ukuba ashade nayo.
- Ukumangala kukayise kaTholi ukuthi kazi kwalotsholwa kubani. (5)

4.7
- UTholakele uzilile kodwa uyehla uyenyuka lokhu okungenziwa ngokwesiko lesintu.
- UTholi uthi ulikholwa yena ngakho akavumelani nokwenziwa komsebenzi wamadlozi.
- Ngokwesiko uBheki akakwazi ukweshela aze agcine eseqonywe umfelokazi (2)

4.8 Yebo wayengumfelokazi.
- Ngoba uTholakele ubegcoka izingubo ezimnyama.
- Wabalekela ukungenwa umfowabo myeni.
- Wayengafuni ukutshela abakubo ukuthi usenesoka.
- USfiso watshela uBheki ukuthi angathandani noTholakele engumfelokazi.

(4)

4.9
- Umuntu akufanele abe uthathekile .
- Akazinikeze isikhathi sokwazi umuntu.
- Kuhle ukuthatha iziyalo ezifanele.

(3)

4.10 Imibono iyokwehluka.

- Bagcina beshadile..
- ULindiwe wasiza uBheki esontweni.
- Baxolelana
- Umama kaBheki wajabula.

**NOMA**

- Bagcina bengashadanga.
- UBheki wayengamthandi uLindiwe ngendlela ayethanda ngayo uTholi.
- UBheki wayezohlawula ingane kuphela
- ULindiwe waziqhubekela nempilo wazitholela omunye.

Izimpendulo zingahluka: (mayelana nokwesiko) (3)

4.11 Kwakufanele kushiswe impepho kuhlatshwe imbuzi kucelwe kwabaphansi. (2)

4.12 Umlingiswa omncane noma oyisicaba ngoba welekelela ekukhulisweni kwendaba, akatholakali kuyo yonke incwadi kanti futhi akaguquli isimilo sakhe endabeni/Akanalo iqiniso noma uyiqili/Ungumfowabo kamyeni kaTholakele (2)

4.13 Wajabula ngoba wayevele engamthandi uTholakele ukuthi abe umakoti wakwakhe njengoba ayengumfelokazi/edla futhi edayisa izidakamizwa. (Nokunye okungavezwa abafundi okuhambelana nesimilo sikaTholi/Wadumala yize wayengamthandi uTholakele wagcina emamukele. (2)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

## UMBUZO 5

***ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

**Nawa amaphuzu angabhekwa:**
Izimpendulo lapha zizokwehluka.
**Ukuvuma**
Ukungahloniphi

- Wayengahloniphi uyisezala noninazala.
- Wayengahloniphi ngisho nabakhe abazali.
- Ukungahloniphi isiko (ukungenwa).
- Wahamba ngaphandle kwemvume ukuya kwabo.

Ukuba nenkani

- Abazali bakhe basabathe uvuka umbhejazane uyenqaba ukulalela.
- Akafuni ukushada noDumisani ngisho encengwa abasemzini.
- Wala ebizwa nguDumisani.

Ukungazi amasiko

- Uphindela ekhaya ukuyofundiswa ukuhlonipha amasiko.
- Umakhelwane uyalekelela ukumfundisa ngamasiko.
  (Nokunye okungavezwa abafundi baphinde basekele ngokucaphuna encwadini ukukhombisa ukuthi bayayazi incwadi.)

**NOMA**

**Ukuphika**

- UThenjiwe wayebahlonipha abazali bomyeni wakhe.
- Babemxina bengafuni ukumnika ithuba lokucabanga ngalolu daba.
- Intombazanyana yakhona lapha ekhaya nayo ithe shi kulolu daba.
- UDumisani lo azange akhombise nazimpawu zokuthanda uThenjiwe.
- Ugcine esebonakala ekhombisa umdlandla efuna ukuxolisa abazali.
- Bebemhlalele ngesiko angalazi nokulazi.
- Amalungelo akhe okukhetha wona bawanyathele ngazo zombili.
- Kwathi noma ethi uya ekhaya uMondise uyise wamchithela izandla.
- Wayengasenamuntu oma naye, bonke bemlahla.
- Icala lokulimala kukaDumisani balibeka phezu kwakhe.
- Kwathiwa nje ukuze axolelwe akashade noDumisani.
- Wazibona anecala kangangokuthi waze wagcina evumile ukushada.
  (Nokunye okungavezwa abafundi baphinde basekele ngokucaphuna encwadini ukukhombisa ukuthi bayayazi incwadi.) **[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 6**

6.1 Kusho ukubuya ungabusahamba/ungabe usaphindela emuva/ Ubecele isikhashana sokuthi akaye ayovela ngasekhaya. (2)

6.2 UThenjiwe noSipho kwakungabangani abasondelene kakhulu kangangokuba waze wathi kumngani wakhe ucabanga ukushada naye. (2)

6.3 Akuwona umkhuba omuhle. Insizwa kufanele ilalele intombi uma ithi cha. Lokhu ukuhlukumeza amalungelo omuntu ukwenza lokho angakuthandi. (2)

6.4 -UDumisani akakhuzeki

-UDumsaninugcina egwazwe uSipho ngoba funa ukukhuluma noThenjiwe ngenkani.

-USipho ucasulwa isenzo sikaDumisani agcine esemgwazile. (4)

6.5 UDumisani wagcina esesibhedlela kanti uSipho yena waboshwa ngokugwaza uDumisani. Wafika wagula ejele uSipho wabhalela uThenjiwe incwadi eyayimkhuthaza ukwenza okufanele noma wayengalibekanga ngesihloko kodwa kwakucaca ukuthi ufuna ashade noDumisani. Emva kokushona kukaSipho uThenjiwe wabulawa ngunembeza impilo yakhe yonke waze wagcina eshade noDumisani. (5)

6.6 Isishimane umuntu onentombi eyodwa./Umuntu ongafuni ukwaliwa. (2)

6.7 UThenjiwe wezwa ubuhlungu kakhulu ngokufa kukaSipho waze wabona ukuthi usenze umonakalo omkhulu okungcono ayecabanga ukukwenza ukushada noDumisani.
Okunye futhi ukuthi wafaka ushevu etiyeni likaDumisani ethi uyambulala abasemzini bathi bazamxolela uma nje engashada noDumisani. (4)

6.8 Izimpendulo zizokwehluka kodwa akuvele lokhu okungenzeka: Isibonelo
Mina nginguThenjiwe bengizobachazela ukuthi angimthandi uDumisani ngakho bangangiphoqi ukushada naye futhi ngibatshele ukuithi akusho ukuthi ngedelela amasiko abo kodwa nami kufanele kuhlonishwe amalungelo ami.

**NOMA**

Ngingalinda izinqumo ezazizokwenziwa abazali bami ngoba bona bazi kangcono ngamasiko. Kanti futhi amalungelo akuwona nento abayiqhakambisayo. (4)

6.9 UMaMbatha wayegqugquzela lo mshado kakhulu waze wafaka noZungu kule nto babengasakhulumi lutho noThenjiwe ngaphandle kokuthi umfowabo kaSikhumbuzo umlindile ukuthi bashade.
UMaMbatha waze waxabana nomakhelwane wakhe uMaNzuza ngoba ethi wonisa uThenjiwe ukuthi angabalaleli.
Wasuka futhi waxabana nodadewabo kaThenjiwe uNondumiso esho ukuthi wazini yena ngamasiko eyingane nje.(nokunye okungahambelana nalokhu) (4)

6.10 UNondumiso. Wayezwelana kakhulu nodadewabo ngoba waze washo wathi noma ngabe isiko kodwa phela nothando kufanele lube khona.
Wayengemi nabazali kodwa wayeduduza udadewabo ngokuthi abazali basazosibhekisisa lesi simo akusona. (4)

6.11 Izimpendulo zabafundi zizokwehluka:
Umyalezo wencwadi uthi umuntu makangakhohlwa amasiko akhe futhi ahlale ewahlonipha ngaso sonke isikhathi. Impucuko ngokwemfundo nangezenhlalakahle mayingathikamezi amasiko ethu.

**NOMA**

Amasiko uma engasalandelwa esizweni esithize indlela eyayilandelwa ukuthi kwenziwe umsebenzi kucelwe kwabaphansi ukuthi seliyayekwa isiko elithize kuhlatshwe isilwane kuchithwe igazi. Yima kuzokwamukeleka kuwonke wonke ukuthi isiko alisekho. (2)
**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 7**

***ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi**

**Nawa amaphuzu angabhekwa:**
Kufanele kuvele izinkulumo nezenzo ezenziwa yilaba balingiswa ezikhombisa ukungayihloniphi inkosi.

- UDuma oyikhansela akayingeni indaba yokuthi kukhona inkosi ebusayo endaweni yakubo njengoba kusemakhaya nje.
- Uze ulimisa ngesihloko elokuthi yena wakhethwa abantu futhi kuyokhala esakhe isicathulo kule ndawo.
- Umemezela ngomhlangano oyobanjelwa esikoleni eNdabuzekwayo ngaphandle kokucela imvume enkosini.
- Induna uDlamini uma imbuza ukuthi ucelile na, uyikhaphezela ngesandla athi akunasidingo sokucela ngoba yena wenza umsebenzi wamakhansela.
- Utshela induna yenkosi ukuthi isaququbele ehlathini lokungazi, ayimyeke enze umsebenzi wakhe.
- Uthi ngeke aye enkosini ukuyokhulekela ilungelo.
- UMbandlwa ubiza uDlamini ngendunyana uthi uDuma angalokothi ayocela enkosini.
- Uthi inkosi ibabuyisela emuva.
- UMbandlwa emuva kokuba eshaywe uDlamini ngendaba yokubambaumhlangano ngaphandle kwemvume, ubiza uDlamini ngesilima.
- Uthi noma eshayiwe usazoqhubeka usazoqhubekela phambili.
- UDuma uthi inkosi kufanele ibizwe uMnyango ukuze izophendula ngesimo sasendaweni emuva kokushaywa kukaMbandlwa.
- Uthi inkosi ayimfuni.
- UMbandlwa uthi abacele amaphoyisa abe khona uma bebamba umhlangano ngoba bengafuni ukucela imvume enkosini.

- UMbandlwa uthi uDuma angakhuleki nje nakancane enkosini kufanele izwe ubuhlungu bokubukela uDuma elawula ngaphandle kwayo.
- UDuma uthi inkosi ayiphuze umuthi owaxutshwa yiyo.
- Uze athi inkosi ingabona amehlo esibungu ngoba yena angeke aze aye kuyo ngisho ingambiza.
- UDuma uhambe waya emaphoyiseni eyowatshela ukuthi akhuze futhi axwayise induna nenkosi ukuthi uma kungenzeka okuthile kuye noMbandlwa kuyobekwa emahlombe abo.
- Uthi akekho umuntu ongaphezu komthetho kuleli zwe kanti futhi amakhosi acabanga ukuthi angomlom' ongathethi manga.
- Usayitsheni uma ebuza uDuma ukuthi uyacela yini enkosini uma ezobamba imihlangano, wavele wathukuthela kakhulu kunakuqala.
- UMbandlwa ubiza inkosi ngenkosana uma uMashezi emtshela ngobumpohlo bakhe.
- Kufika unogada ethunywe yinkosi ukuthi azobiza uDuma, utshela unogada ukuthi yena yena akadinge myalezo wenkosi.
- UMbandlwa yena uyamxosha unogada bese emtshela ukuthi uDuma akayena umngani wale nkosana yabo, akahambe.
- UDuma naye agcwalisele athi unogada akahambe khona manjalo angaze amenze okubi. Akanankosi yena.
- UDuma wathi unogada atshele inkosi ukuthi angeke eze kuyo.
- Uthi umhlangano uzohamba ngempumelelo hhayi ngezibusiso zenkosi.
- UMbandlwa usehamba enamathisela amaphepha esaziso somhlangano ngaphandle kokucela imvume enkosini.
- UDuma uthi abantu bazonele bezwe ngalezi zinto ezibhalwe ezazisweni bayivukele le nkosana yabo.
- Bona ngeke balindane nenkosi engathi shu.
  (Namanye amaphuzu angavezwa ahambisana nalokhu.) **[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 8**

8.1 8.1.1 Ukuphophoza kwegazi kusho ukuthi igazi laliphuma kakhulu./ Laligobhoza nje/liyageleza.

8.1.2 Ukuza ngezinkani kusho ukuthi abantu babeze bebaningi kakhulu./ Ngobuningi.

8.1.3 Abantu abayidlanzana kusho ukuthi babembalwa./Bayingcosana/abancane. (6)

8.2
- Kwakuqalwa ngomthandazo uma kuzobanjwa umhlangano ngoba kusuke kubongwa uMdali ngokuhlanganisa abantu kulowo mhlangano.
- Kusuke kucelwa kuMdali ukuthi kuboniswane ngomoya omuhle.
- Kusuke kucelwa ukuthi kungangeni umoya omubi oxabanisayo. (3)

8.3 Umhlangano lapho kuzokhulunywa khona ngentuthuko, ukutholakala kwamanzi nemigwaqo. (2)

8.4 Sikhombisa ukuthi athukuthele /ayimpi/ acasukile. Ukushaywa kukaMbandlwa

nguDlamini. (4)

8.5 Usuke uzibongela noma uzibonga wena ngokwakho/uzincoma. (1)

8.6
- Nguyena ofake ikhansela uDuma enkingeni enkulu.
- Ugqugquzela uDuma ukuthi angayinaki/angayihloniphi inkosi.
- Wenza isimo sibe sibi endaweni ngoba ulokhu etshela uDuma ukuthi angayibikeli inkosi ngezinto okufanele azenze njengokubamba imihlangano nje. (3)

8.7
- Yingoba uMashezi waya kuMaNgema ayomcela ukuthi akhulume nenkosi uShandu ongumyeni wakhe ukuthi abize uDuma azokhuluma naye.
- UMaShezi wayencenga uDuma ukuthi acele imvume ukuthi abonisane nenkosi kukho konke ayefuna ukukwenza.
- UMaNgema naye wabonisa umyeni wakhe uShandu ukuthi uMaShezi nguyena owayezosiza ekubuyiseni uDuma endleleni.
- Ekugcineni baphumelele ngoba abayeni babo bagcina sebexolelene sebesebenzisana kahle ngokubambisana.(okubili kulokhu) (4)

8.8
- Ingwijikhwebu itholakala lapho uDuma esexolisa enkosini ngokungayihloniphi kwakhe akekho umuntu obekulindele lokhu.
- Inkosi nayo ithi iyamxolela uDuma ngaphandle kwemibandela.
- UShandu uvumela uDuma ukuthi aqhubeke ngokuletha intuthuko endaweni yakhe into abekade engayifuni.
- Inkosi ithumele kwabizwa umhlangano ohlanganisa bonke abantu bayo ngisho nosopolotiki imbala into ebingenzeki.
- Ize inikela nangendlu yayo ukuthi kubanjelwe kuyo imihlangano ezobizwa nguDuma. (4)

8.9
- UDuma.
- Ubiza imihlangano enkosini ngaphandle kokuyazisa.
- Akaboniseki noma inkosikazi isimbonisa.
- Ubeke ezombusazwe phambili kunokuhlonipha inkosi
- Uhamba eyoceba inkosi nenduna yayo kuHulumeni.(nokunye ukuzoveza ubumbangi bukaDuma). (4)

8.10
- Kufanele kuhlonishwane ukuze kuphiliswane kahle.
- Amadoda nawo kufanele azithathe izeluleko zabantu besifazane ngoba nabo bayakwazi ukuzibona izinto.
- Yize uyinkosi kufanele ulalele abanye abantu futhi usebenzisane kahle nabo.
- Abantu kufanele baxolise uma bonile futhi baxolele nalabo ababonile.(nokunye okungahambisana nalokhu) (4) **[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)**

### UMBUZO 9

**Nawa amaphuzu angabhekwa:**

- Isikhathi esiyizinyanga ezine engashadiswa sesifake ingcindezi enkulu kuMandlenkosi.
- Yize ebona ukuthi kufanele ashadelwe ngokungcwele kodwa akasiboni isizathu sokuthi kugodlwe lokhu:
  - ilobolo lakhe
  - umakoti wakhe
  - nosuku lomshado
- Kulesi sikhathi sezinyanga ezine usephenduke ihlaya.
- Abanye abantu baze bambuze ukuthi ingabe umakoti wakhe uyelashwa yini noma usathwasiswa na.
- Inhliziyo kaMandlenkosi ihlala ibalisa ukuthi yini bangamkhulul eli umakoti wakhe ukuthi ahlale naye ngoba eseshadile ngokusemthethweni.
- Ukupikla kukamukhwe wakhe ukuthi angambuyisela imali yakhe yonke alobole ngayo kungabi ndaba zalutho.
- Okufike kumqede kumbulale inhliziyo uMandlenkosi yisimo sokunqatshelwa ukuthi abonane nomakoti wakhe.
- UMandlenkosi ubhekene nomunye umqansa lapho engatholi ukwesekwa abazali bakhe ekutholeni umkakhe.
- Abazali bakaMandlenkosi bayamncenga ukuthi abekezele uma ebatshela ukuthi usenomcabango wokuthwala umakoti.
- Phezu kwayo yonke imizamo encengwa umukhwe kaMandlenkosi ngabakhongi akayiguquli inhliziyo yakhe, usephenduke undlovu kayiphendulwa.
- Isimo siyaguquka, siguqulwa yingozi yemoto evelele umakoti kaMandlenkosi.
- Ukushona kukamakoti kaMandlenkosi kwenze ukuthi umukhwe wakhe abe sesimweni sokucela, sokuncenga ukuthi bamsize ukungcwaba indodakazi yakhe.
- Inhliziyo kaMandlenkosi ivezwe isilukhuni, uyala uyaphetha uthi ngeke akhiphe ngisho nesenti emnyama le ukusiza umukhwe wakhe ukungcwaba.
- UMandlenkosi usehlule ngisho nabazali bakhe phezu kokuncenga kangaka, uyala uyaphetha uthi ngeke amsize umukhwe wakhe.
- Nokho uMandlenkosi uyamthembisa ukuthi uzoya emngcwabeni kamakoti wakhe.
- Bagcina ngokugeza izandla akancengeki uMandlenkosi.
- Ekugcineni kuyacaca ukuthi umukhwe kaMandlenkosi wenqaba nje ngendodakazi yakhe ukuthi ingxenye yemali yelobolo ibigodlwe yibo abazali bakhe uqobo uMandlenkosi. **[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 10**

10.1 10.1.1 Yiqiniso
10.1.2 Yiqiniso
10.1.3 Yiqiniso
10.1.4 Akulona iqiniso (4)

10.2 UMandlenkosi wathi bagodle:
- Ilobolo
- Umakoti
- Usuku lomshado (3)

10.3
- Inhlekisa.
- Babuza ukuthi umakoti uyelashwa.
- Noma uyothwasa yini.(okubili kwalokhu) (2)

10.4 Iqiniso ngoba walobola futhi wayezimisele ukushada kabili kwandabazabantu nasesontweni. (3)

10.5 10.5.1 Ukwehlisa ulaka noma ukuthukuthela/ukucasuka.

10.5.2 Sekufanele abhekane nemiphumela yalokho akwenzile/abhekane nezinkinga zakhe. (4)

10.6
- Angeke abambisane nomkhwe wakhe ngokungcwaba umakoti wakhe.
- Uyafunga ukuthi angeke akhiphe ngisho isenti.
- Akafuni nokukhuluma nomukhwe wakhe kodwa ufuna akhulume nabazali bakhe.
- Ufuna ukuzwela umuntu onozwelo kwabanye abantu kuphela. (Namanye amaphuzu angavela ahambisana nalokhu) (4)

10.7 Izimpendulo ziyokwehluka:
- Yingoba babesabambelele esikweni lokuthi uma intombi isilotsholiwe isifana nelungu lomndeni lowo elotsholwe kuwona.

**NOMA**

- Yingoba banesazelo ngemali yelobolo ngoba babesayigodlile baze bayisebenzisa yangabe isaya lapho ifanele ukuya khona. (4)

10.8
- Ukuncenga kukayise kaMandlenkosi ukuthi kungcwatshwe umakoti yize azi ukuthi kungani kungaqediwe ukulobola.
- Ukuzimangaza ukuthi imali uzoyithathaphi yokusiza ukungcwaba umakoti wendodana yakhe.
- Ukungasoli ukuthi uyise kaMandlenkosi nguye qobo ogodle imali, lokho kwenza ukuthi kume yonke into. (Okubili kwalokhu) (4)

10.9
- Ukwethembana
- Ukuzimisela ukwakha ubuhlobo
- Ukusizana ngezikhathi ezinzima (Nokunye okuhambelana nalokhu) (3)

10.10
- Abantu bakule ndawo bangabantu abathanda ukumangala kakhulu lapho sekulotsholiwe kubuywe kungashadwa.
- Banenkolelo yokuthi umshado wangempela yolowo oyingcwele.
- Abathandi intsha egugela ezinsisheni njengamavovo.(amamaki amabili ngephuzu elilodwa) (4)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

**ISIQEPHU D: IZINKONDLO**

***IZINKWAZI ZOTHUKELA NAMAHLOKOHLOKO***

**UMBUZO 11**

11.1 11.1.1 Ithi ifisa ukuthi noma isebenza kanzima kodwa ekwenzayo kube kuhle.

11.1.2 Ithi ifisa ukuthi isebenzise ulimi lwayo ngendlela efanele lokho ekukhulumayo kube okuyikho nokwakhayo. (4)

11.2 Imbongi ithi ifisa ukuba qotho
- kuSomandla
- olimini lwayo
- kubazali bayo
- nasemsebenzini wayo (3)

11.3 Ngiyafisa ukuba qotho.
Imbongi lapha iletha umqondo wokugcizelela ukuthi ifisa kangakanani ukuba qotho kuzo zonke izinto, enkulumweni, emisebenzini nasesizweni. (3)

11.4 Ukuze ngijabulise, abantu.
Lapha imbongi iveza umqondo wokuthi ifisa ukuthi ubuqotho bayo bube nomthelela kubantu ehlalisene nabo. (3½)

11.5 Ukuxhumana-sigcino: Ngiyafisa ukuba <u>qotho</u>
Ngishumayele ngobu<u>qotho</u>
Kunikeza umqondo wokugcizelela wokuthi imbongi ifuna ukusebenza konke ekwenzayo kube kuhle nekukhulumayo kube okwakhayo. (4)

**[17½]**

**NOMA**

**UMBUZO 12**

12.1 Kunikeza umqondo wokuthi inkululeko yinhle kakhulu futhi iletha ubuhle lapha e-Afrika. (2)

12.2 Sisitshela kahle ukuthi inkululeko ilethela isintu ukuthula okuletha injabulo/ isizalele ukuthula okulethe injabulo esintwini. (2)

12.3 Izimpawu ezisetshenzisiwe kulesi sigaba zenza imigqa ithelelane ngokomqondo ngenxa yenjabhamenti esetshenzisiwe phakathi kwemigqa. (2)

12.4 Ikufanisa nelanga ngoba uma ilanga livela liletha ukukhanya nemfudumalo kanjalo nenkululeko iletha ukukhanya esizweni. (2)

12.5 Kuveza umqondo wenjabulo elethwa yile nkululeko ethe uma itholakala yaletha intuthuko, ubuhle, ukuthula nobambiswano. (2)

12.6 Isho ukuthi ufunwe izindawo zonke kungaba phesheya kwezilwandle noma nganeno. (2)

12.7 Ukufika kwakho kufana
Nokuqhamuka kwenhlamvu yelanga
Ikhombisa ukuthi ukuza kwale nkululeko kuhle futhi kujatshulelwa njengokuphuma kwelanga. (2½)

12.8 Isitshela ukuthi inkululeko ifunwa yiwo wonke umuntu futhi iyamjabulisa uma eseyitholile. Umuntu into ayithandayo nemphilisayo uyibamba angayidedeli futhi angayifela nokuyifela. (2)

12.9 Yi-Eshiya noma iYurophu noma iMelika noma i-Afrika (1)
**[17½]**

**NOMA**

**UMBUZO 13**

13.1 13.1.1 ukuqinisela
13.1.2 kumnyonyobela
13.1.3 ezizenzelayo (3)

13.2 Isenzasamuntu noma ukwenzasamuntu. Isisebenzise ukuletha umqondo wokuthi ukufa sekukhathaze kangakanani. Abantu abaningi kubazwise ubuhlungu okukhulu ngokuthatha izihlobo zabo, njengomuntu uma enza izinto ezingalunganga komunye umuntu. (3)

13.3 Siyahambisana ngoba siyasho ukuthi ukufa akukhethi umncane noma umdala khona kuyathatha. Yikho kanye lokhu okushiwo yinkondlo ukuthi ukufa kuzwisa abantu ubuhlungu ngokuthatha izihlobo zabo. (3)

13.4 Sikushaye indiva. Siveza umqondo wokuthi ukufa uma sekufikle ngendlela okufika ngayo abantu baye baduduzane ngokuthi bangakunaki lokho okukhombisa ukuthi bangabi nendaba nakho yize kuzwisa ubuhlungu (3)

13.5 13.5.1 Kusho ukuthi ukufa kuyakuthatha noma ngabe umnyama noma umhlophe noma ngabe umncane noma umdala, uma sekufikile kufikile.

13.5.2 Isho ukuthi ukufa kuza kuwo wonke umuntu njengento ebolekiswayo/ukufa kuvelela wonke umuntu.
Namuhla kula kube kusasa kube kwenye indawo. Abantu bashintshisana ngakho. (4)

13.6 Isigqi esitholakala lapha asisheshi/siyanensa. (1)

13.7 Ukuxhumana okusekuqaleni. (½)
**[17½]**

**NOMA**

**UMBUZO 14**

14.1 E-Groutville. (1)

14.2 14.2.1 Kwakuyiyona ncwadi yokuqala yezinkondlo eyabhalwa nguVilakazi.

14.2.2 Kusho ukuthi washeshe washona esemncane.

14.2.3 Kusho ukuhlabana/ukunqoba/ukuwina/ukuphumelela ekubhaleni izinkondlo noma okuhamba phambili ngokuba yimbongi. (6)

14.3
- Uyena owokuqala ukubhala incwadi yezinkondlo kubabhali abamnyama.
- Uyena umuntu omnyama wokuqala owafundisa eNyuvesi yabamhlophe i-Wits. (2)

14.4 Inkondlo kaZulu noma Amal' eZulu. (½)

14.5 Kuvela umqondo wokutusa okuyiwona okukhulunywa ngawo enkondlweni utuselwa ukuba owokuqala ukufundisa eNyuvesi yabamhlophe/ nokuthi okwaqalwa yimbongi ithi iyamethembisa ukuthi bayokuqedelela. (4)

14.6 Isenzasamuntu/ukwenzasamuntu/Amal'eZulu akunika izimpiko. Lesi sifenqo siveza umqondo wokuthi Amal' eZulu amnikeze ukukhula ekubhaleni waqhubekela phambili. (2)

14.7 Igcizelela umqondo wokuthi uVilakazi nguyena owavulela wonke umuntu ongumbhali indlela yokubhala okuyiyona yona. (2)
**[17½]**

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**

**AMAMAKI ESEWONKE: 70**